

UMHLAHLANDLELA
WE-NSFAS PAIA

OKUQUKETHWE

- 1 Izincazelo
- 2 Isingeniso
- 3 Ukutholakala kwalo Mhlahlandlela
- 4 Isiqondiso Sokusetshenziswa kwe-PAIA
- 5 Uhlaka Nemisebenzi ye-NSFAS
- 6 ISikhulu Solwazi, Amaphini eSikhulu Solwazi, Nemininingwane Yokuxhumana nabo
- 7 Amarekhodi Atholakala Ngokuzenzekelayo
- 8 Amarekhodi aphethwe abakwa-NSFAS
- 9 Izinsizakalo Ezitholakalayo Emphakathini
- 10 Izipelo Zamarekhodi
- 11 Izimali ezikhokhwayo
- 12 Ukuhlangulwa ekukhokheni Izimali Zokuthola Irekhodi
- 13 Izinqumo Ngezicelo Nesaziso sakhona
- 14 Ulwazi oluqondene nomuntu
- 15 Ukuhlelwa Kokuzibandakanya Komphakathi ngokuSungulwa Kwezinqbomgom
- 16 Izsombululo Nokukhalaza malungana Nezinqumo ezithathiwe

Izithasiselo

- A. Isithasiselo A: Ifomu 2 – Isicelo Sokufinyelela Irekhodi Lesigungu Somphakathi
- B. Isithasiselo B: Izimali ezikhokhelwa Izinhlangano Zomphakathi

C. Isithasiselo C: Ifomu 4 – Ukufakwa Kwesicelo Sokufakwa Kwesikhalaizo Sangaphakathi

1 IZINCAZELO

- 1.1 **Imithetho Esebenzayo** isho yonke imithetho, izimiso okudingeka i-NSFAS iyithobele.
- 1.2 **IsiKhulu esiPhezulu** kusho isikhulu esiphezulu esiqokwe yibhodi ye-NSFAS ngokwesigaba 9 soMthetho we-NSFAS.
- 1.3 **Ulwazi Ngomuntu** sisho umuntu Ulwazi Lomuntu Siqu oluhlobene naye.
- 1.4 **Umhlahlandlela** isho le manuwali yolwazi eshicilelwwe ngokwesigaba 14 se-PAIA, ufundwe ne-POPIA.
- 1.5 **UNgqongqoshe** kushiwo uNgqongqoshe Wezemfundo Ephakeme Nokuqequesha.
- 1.6 **I-NSFAS** isho iSikimu Sikazweloneke Sokusiza Abafundi Ngezimali esasungulwa ngokuhambisana noMthetho we-NSFAS. I-NSFAS iyiSigungu Somphakathi njengoba kuhlongozwe ku-PAIA.
- 1.7 **Umthetho we-NSFAS** usho uMthetho Kazweloneke Wokusiza Abafundi Ngezimali Zonyaka we-1999.
- 1.8 **I-PAIA** isho uMthetho Wokukhuthazwa Kokufinyelela Olwazini wesi-2 wezi-2000.
- 1.9 **Izimiso ze-PAIA** zisho imithethonqubo eshicilelwwe ku-GNR.757 yangomhla zingama-27 ku-Agasti 2021 mayelana nokuKhuthaza Ukutholakala Kolwazi, 2021 (iGazethi Kahulumeni enguNombolo. 45057).
- 1.10 **Ulwazi Oluqondene Nomuntu** lusho ulwazi oluhlobene nomuntu ohlonzekayo, ophilayo, wemvelo, kanye (lapho kufanele) ohlonzekayo, okhona ngokomthetho, okuhlanganisa igama, uhlanga, ubulili, isimo somshado, ikheli kanye nenombolo ehlonzayo yomuntu, uphawu, ikheli le-imeyli, ikheli lendawo, inombolo yocingo,

imininingwane yendawo, isihlonzi esiku-inthanethi noma omunye umsebenzi ozokwenziwa umuntu.

1.11 I-POPIA isho uMthetho Wokuvikelwa Kolwazi Lomuntu Siqu 4 wezi-2013.

1.12 Ukucubungula noma Ukusetshenzwa kusho noma yimuphi umsebenzi obandakanya ukusetshenziswa kolwazi lomuntu siqu. Kubandakanya noma yikuphi ukusebenza noma umsebenzi nanoma yiliphi iquoqo lemisebenzi, noma ngabe ngezindlela ezizenzekelayo, eziphathelene Nomuntu Siqu Ulwazi, okuhlanganisa:

- a) ukuqoqwa, ukutholwa, ukurekhodwa, ukuhlelwa, ukudidiyelwa, ukugcinwa, ukuvuselela noma ukuguqulwa, ukukhishwa, ukuguqulwa, ukufundwa noma ukusetshenziswa;
- b) ukusatshalaliswa ngendlela yokudluliselwa, ukusatshalaliswa noma ukwenza kutholakale nganoma iyiphi enye indlela; noma
- c) ukuhlanganiswa, ukuxhunyaniswa, kanye nokuvinjelwa, ukucekelwa phansi, ukusulwa noma ukushatshalaliswa kolwazi.

1.13 Isigungu somphakathi sisho

- a) noma yimuphi umnyango wombuso noma wokuphatha ezingeni likazwelonke noma lesifundazwe likahulumeni nanoma yimuphi umasipala esigabeni sikahulumeni wasekhaya; noma
- b) nanoma yimuphi omunye umsebenzi noma isikhungo lapho
 - i. kusetshenziswa khona amandla noma kwenziwa umsebenzi ngokoMthethosisekelo noma umthethosisekelo wesifundazwe; noma
 - ii. kusetshenziswa amandla omphakathi noma umsebenzi womphakathi ngokwanoma yimuphi umthetho.

1.14 Irekhodi lisho noma yiluphi ulwazi olurekhodiwe

- a) kungakhathalekile ukuthi yiluphi uhlolo noma indlela olume ngayo;
- b) oluphethwe noma olulawulwa yi-NSFAS; futhi
- c) noma ngabe lasungulwa yi-NSFAS noma cha.

1.15 **Isicelo**, maqondana ne-NSFAS, sichaza ukufinyelela kwerekhodi le-NSFAS ngokuhambisana nesigaba 11 se-PAIA.

1.16 **Umfakisicelo**, maqondana ne-NSFAS, kushiwo noma yimuphi umuntu (ngaphandle kwesigungu somphakathi ehlongozwe endimeni (a) noma (b) (i) yencazelo “yesigungu somphakathi” ku-PAIA, noma isikhulu) efaka isicelo sokufinyelela irekhodi le-NSFAS noma umuntu ommle.

1.17 **IQembu Elinegunya** kushiwo isigungu somphakathi noma esizimele nanoma yimuphi omunye umuntu, sisodwa noma ngokuhlanganyela nabanye, esinquma inhloso kanye nezindlela Zokucubungula Ulwazi Lomuntu Siqu.

1.18 **Ulwazi Lomuntu Siqu Olukhethekile** lusho Ulwazi Lomuntu Siqu olumayelana nezinkolelo zezenkolo noma zefilosofi, uhlanga noma ubuzwe, ubulungu bezinyunyana, ithonya lezombusazwe, ezempilo noma impilo yobulili noma ulwazi lwebhayomethrikhi lomuntu; noma ukuziphatha kobugebengu komuntu kangangokuthi lololwazi luhlobene nezinsolo zokukhomishini ngomuntu lowo nganoma yiliphi icala; noma yiziphi izinyathelo maqondana nanoma yiliphi icala okusolwa ukuthi lenziwe yilowo muntu noma ukuchithwa kwalezi zinquo.

2 ISINGENISO

2.1 I-NSFAS yisigungu somphakathi esasungulwa futhi esenza imisebenzi yaso yomphakathi ngokuhambisana noMthetho we-NSFAS. Ukuze yenze imisebenzi yayo esemthethweni neyomphakathi, i-NSFAS icubungula ulwazi oluningi, oluhalanganisa Ulwazi Lomuntu Siqu.

2.2 Lo Mhlahlandela ushicilelwwe ngokweSigaba 14 se-PAIA, ufundwa ne-POPIA. Inhloso yayo ukucacisa:

- 2.2.1 izinqubo okufanele zilandelwe kanye nezindlela okufanele kuLangatshezwane nazo yinoma yimuphi umuntu ocela ukufinyelela kumarekhodi anawo noma alawulwa yi-NSFAS; futhi
- 2.2.2 ezinye zezindlela ezikhona zokuqinisekisa ukuthi i-NSFAS Icubungula Ulwazi Lomuntu Siqu ngokusemthethweni, esikhundleni sayo njengeQembu Elibhekene Nezibophezel, njengoba kuLangozwe ngaphansi kwe-POPIA, eminye imininingwane ingatholakala kuNqubomgom Yobumfihlo ye-NSFAS, engatholakala kuwebhusayithi ye-NSFAS, kusetshenziswa isixhumanisi esilandelayo: www.nsfas.org.za noma ngokucela ikhophi Esikhulwini Solwazi se-NSFAS kanye/noma iPhini leSikhulu soLwazi, esineminingwane evela esigabeni sesi-6 salo Mhlahlandela.

3 UKUTHOLAKALA KWALO MHLAHLANDLELA

- 3.1 Lo Mhlahlandela ungatholakala kuwebhusayithi ye-NSFAS, kusetshenziswa ilinki elandelayo: www.nsfas.org.za noma ngokucela ikhophi Esikhulwini Solwazi se-NSFAS kanye/noma iPhini leSikhulu Esibhekele Ulwazi, imininingwane yalo evela esigatshaneni sesi-6 ngezansi.
- 3.2 Lo Mhlahlandela ungase futhi uhlolwe eHhovisi eliNhloko I-NSFAS, elitholakala e-The Halyard Building, 4 Christian Barnard Street, City Centre, Cape Town, 8001.
- 3.3 Lo Mhlahlandela uzobukezwa futhi ushicilelwwe ngokuhambisana nesigaba 14(2) se-PAIA.

4 ISIQONDISO SOKUSETSHENZISWA KWE-PAIA

- 4.1 Ngokwesigaba 10(1) se-PAIA, uMlawuli Wolwazi kufanele abukeze futhi enze kutholakale isiqondiso esivele sikhona sokuthi isetshenziswa kanjani i-PAIA, isiqondiso esihlanganiswe yiKhomishana Yamalungelo Abantu yaseNingizimu Afrika (i-SAHRC), equkethe lolo lwazi ngendlela eqondakala kalula, njengoba kungase kudingwe umuntu ofisa ukusebenzisa noma yiliphi ilungelo elihlongozwe ku-PAIA kanye ne-POPIA.
- 4.2 Ukuze uthole ulwazi olwengeziwe ngokufinyelela lesi siqondiso, sicela uthinte i-Umlawuli Wolwazi otholakala kwa-JD House, 27 Stiemens Street, Braamfontein, Johannesburg, 2001. P.O Box 31533, Braamfontein, Johannesburg, 2017, noma nge-imeyili ku-enquiries@inforegulator.org.za.

5 UHLAKA NEMISEBENZI YE-NSFAS

- 5.1 I-NSFAS yasungulwa ngokuhambisana noMthetho we-NSFAS.
- 5.2 I-NSFAS ikhona ukuze ihlinzeke ngosizo lwevezimali kubafundi abafanelekile ngokwezimali emakolishi e-TVET nasemanyuvesi kahulumeni. Lokhu ikwenza ngokuhlonza abafundi abafanelekile, ibanike imifundaze futhi iqoqe izinkokhelo zesikhathi esidlule ezibolekiwe ukuze kubuyiselwe izimali ezitholakalayo ezizukulwaneni ezizayo zabafundi. I-NSFAS yeseka ukufinyelela, nempumelelo emfundweni ephakeme kanye nokuqeleshwa kwabafundi abavela emindenini empofu neyabasebenzi abebengeke bakwazi ukufundisa izingane zabo.
- 5.3 Ngokwesigaba 4 soMthetho we-NSFAS, imisebenzi ye-NSFAS yilena:
 - 5.3.1 ukwaba izimali ezibolekiwe kanye nemifundaze kubafundi abafanelekile;
 - 5.3.2 ukwakha izinhlaka nemibandela yokunikezwa kwemali mboleko kanye

nemifundaze kubafundi abafanelekile ngokubonisana noNgqongqoshe;

- 5.3.3 ukuqoqa izimali njengoba kuhlongozwe uMthetho we-NSFAS;
- 5.3.4 ukulanda izimali ezibolekiwe;
- 5.3.5 ukugcina kanye nokuhlaziya iwebhusayithi kanye nokwenza ucwaningo ukuze kusetshenziswe kangcono izinsiza zezimali;
- 5.3.6 ukweluleka uNgqongqoshe ngezindaba eziphathelene nosizo lwezimali lwabafundi; futhi
- 5.3.7 ukwenza eminye imisebenzi enqunywe uMthetho we-NSFAS noma uNgqongqoshe.

6 ISIKHULU SOLWAZI., AMAPHINI ESIKHULU SOLWAZI, NEMINININGWANE YOKUXHUMANA NABO

- 6.1 IsiKhulu esiPhezulu siyisiKhulu soLwazi esiqokiwe se-NSFAS. Imininingwane yesiKhulu Solwazi imi kanje:

Office of the Chief Executive Officer of NSFAS

Ikheli: The Halyard Building,
4 Christian Barnard Street,
City Centre, Cape Town, 8000
Ucingo: 080 006 7327
I-meyli: paiarequests@nsfas.org.za

- 6.2 IsiKhulu esiPhezulu, ngokuhambisana nesigaba 17(3) se-PAIA, singadlulisela amandla nemisebenzi enikezwe noma ebekwe esiKhulwini Solwazi se-PAIA, mayelana nezicelo ze-PAIA, kuPhini Lomphathi Wolwazi we-NSFAS. Imininingwane

yePhini Lomphathi Wolwazi imi kanje:

Office of the Chief Information Officer of NSFAS

Ikheli: The Halyard Building,
 4 Christian Barnard Street,
 City Centre, Cape Town, 8001
Ucingo: 080 006 7327
I-meyli: paiarequests@nsfas.org.za

7 AMAREKHODI ATHOLAKALA NGOKUZENZEKELAYO

7.1 Ulwazi olulandelayo luyatholakala emphakathini futhi aludingi ukufakelwa isicelo sokuluthola ngaphansi kwe-PAIA:

7.1.1 Noma yiluphi ulwazi oluqukethwe kunoma imaphi amawebhusayithi afinyeleleka kuwo wonke umuntu aphethwe yi-NSFAS.

7.1.2 Noma yiluphi ulwazi olushicilelw yi-NSFAS kunoma yiziphi izincwadi, amaphephabuku, izincwajana noma olunye uhlobo lwempahla oluye Iwenziwa lwakwazi ukufinyelelw umphakathi ululethwelwa yi-NSFAS.

7.2 Ulwazi okukhulunywe ngalo esigaben 7.1 lungabandakanya, kodwa alugcini nje, kokulandelayo:

7.2.1 inhoso kanye nezinjongo ze-NSFAS kanye nazo zonke izingalo zayo ezihlukahlukene;

7.2.2 imithetho, izinkambiso, izimiso kanye nezinqubomgomze-NSFAS;

7.2.3 uhla lwezikhundla kanye/noma uhlaka lwe-NSFAS, okuhlanganisa amagama namahhovisi abasebenzi abasezikhundleni;

- 7.2.4 izinhlelo nezifundo ezihlinzekwa yi-NSFAS;
 - 7.2.5 indlela yokufaneleka, amafomu ezicelo kanye nanoma yiluphi olunye ulwazi oludingekayo ukuze kube lula ukuxoxisana nomphakathi ne-NSFAS ekukhuthazeni izinjongo zayo;
 - 7.2.6 ucwaningo oluthile kanye nezinhlelo zemfundo i-NSFAS ebandakanyeka kuzo;
 - 7.2.7 izimali ezikhokhwayo uma ucela ukufinyelela kunoma yimaphi kulawa marekhodi.
- 7.3 Lolu Iwazi olulandelayo luyatholakala ngaphandle kosizo Iwe-PAIA kuphela uma umfakisicelo ecela ukuthola imininingwane yakhe siqu, uma kungenjalo, lapho Umfakisicelo eceleta lolo Iwazi egameni lomuntu lowo ofake isicelo enegunya elikhethekile lommeli futhi engakwazi ukuhlinzeka ngekhophi eqinisekisiwe kamazisi womuntu isicelo esenziwa egameni lakhe:
 - 7.3.1 amarekhodi emiklomelo yokuqhuba kahle noma ukubalulwa;
 - 7.3.2 amarekhodi emisebenzi eyenziwa ngaphezu kwezifundo;
 - 7.3.3 amarekhodi okulalelwu kokuqondiswa kwezigwegwe kanye/noma izinqumo;
 - 7.3.4 amaphepha amakiwe alethwe uMfakisicelo ngesikhathi enza izifundo zakhe kwa-NSFAS; futhi
 - 7.3.5 izitativende zezimali eziphathelene nezibopho zezimali zoMfakisicelo noma amalungelo ngokumelene ne-NSFAS.

8 **AMAREKHODI APHETHWE ABAKWA-NSFAS**

I-NSFAS inamarekhodi alandelayo:

- 8.1 Ulwazi lomuntu njengoba luchazwe ku-POPIA yabaphathi behhovisi lokuphatha, abasebenzi be-NSFAS kanye/noma abasebenzi, ababambiqhaza be-NSFAS, abafake izicelo zezibonelelo ze-NSFAS, abahlinzeki bezinsizakalo ze-NSFAS, abaxhasi be-NSFAS nabanikelayo, kanye nanoma yiziphi ezinye izigaba zoMuntu okukhulunywe ngaso esigatshaneni se-13.
- 8.2 Amarekhodi aphathelene nokuphatha kwe-NSFAS, okuhlanganisa nesakhiwo sayo sokuphatha, imithetho yangaphakathi, izimiso nezinquqomgom, amaminithi emihlangano, amarekhodi ezezimali, izinkontileka, ubambiswano, uxhaso lokufunda, imifundaze, izibonelelo neminikelo, amathenda nabahlinzeki bezinsizakalo, idatha yokuqashwa ngokulinganayo, isimo se-BBBEE, idatha ye-PAIA, amalayisensi asemthethweni namanye, namarekhodi ezokukhangisa.
- 8.3 Amarekhodi ahlobene nemisebenzi yocwaningo ngokuvamile, okuhlanganisa izitativende zamasu, izinkontileka, nokusebenzisana.
- 8.4 Amarekhodi aphathelene nabafundi okuhlanganisa nedatha yomuntu ongumfundi okuhlanganisa, kodwa kungagcini nje ngamarekhodi ezifundo, ukuhanjiswa okuhlobene nezemfundo, amarekhodi okuqondiswa kwezigwegwe, amarekhodi okufanelekela, amarekhodi omfundaze, namarekhodi omsebenzi womphakathi.
- 8.5 Amarekhodi aphathelene nabasebenzi be-NSFAS kanye nedatha yomuntu siqu ehlanganisa, kodwa engagcini nje kuma-CV, umlando wokusebenza, izincazelozemisebenzi, ukubukezwa komsebenzi, imiklomelo emihle kanye nokubalula, ukulalelwu kokuqondiswa kwezigwegwe nezinqumo, izigaba zeholo kanye nokuqhubelela phambili.
- 8.6 Amarekhodi ahlobene nobuciko bengqondo ye-NSFAS ehlanganisa izimpawuzokuthengisa ezibhalisiwe, imiklamo namalungelo obunikazi, ukuhweba,

nokushicilelwe.

- 8.7 Amarekhodi ezobuchwepheshe ahlobene nengqalasizinda ye-ICT ye-NSFAS, ingqalasizinda ebonakalayo, kanye nezinhlelo zokwakha.
- 8.8 Amarekhodi ahlobene nesakhiwo sangempela esiqashisiwe noma esiphethwe yi-NSFAS ngokuphelele noma ingxenye, okuhlanganisa netayitela lezakhiwo, ukuqashisa, ukusetshenziswa, namarekhodi wamalungelo ezinkampani zangaphandle.

Eminye imininingwane mayelana nezinhlobo zolwazi lomuntu olucutshungulwe yi-NSFAS ifakiwe kusigatshana se-13 ngezansi nakuNqubomgommo Yobumfihlo, engatholwa kuwebhusayithi ye-NSFAS, kusetshenziswa ilinki elandelayo: www.nsfas.org.za noma ecela ikhophi Esikhulwini Solwazi sakwa-NSFAS kanye/noma iPhini leSikhulu soLwazi, esineminingwane evela esigabeni sesi-6 salo Mhlahlandlela.

9 IZINSIZAKALO EZITHOLAKALAYO EMPHAKATHINI

Izinsizakalo ezihilinzekwa ngabe-NSFAS zingabukwa ngokuvakashela iwebhusayithi yakwa-NSFAS lapha www.nsfas.org.za.

10 IZICELO ZAMAREKHODI

- 10.1 Umfakisicelo kufanele avunyelwe ukuthola iRekhodi le-NSFAS, njengesigungu somphakathi, uma umfakisicelo ethobela zonke izidingo zenqubo ye-PAIA eziphathelene nesicelo sokuthola lelo rekhodi (ngaphandle kwalapho irekhodi liquethe Ulwazi Lomuntu mayelana nomfakisicelo njengoba kuhlongoziwe esigatshaneni 7), futhi ukuthola lelo rekhodi akwenqatshwa nganoma yiziphi izizathu zokwenqatshwa ezishiwo ku-PAIA. I-NSFAS izobophezeleka ukudalula ngokuyimpoqo ngokwezinga elihlongozwe ku-PAIA. Qaphela ukuthi i-PAIA isebenza

kuphela kumaRekhodi akhona ngesikhathi sesicelo.

10.2 Ukuze wenze isicelo:

10.2.1 Abafake izicelo kufanele baqale bacabangele ukuthi ulwazi noma irekhodi abalidingayo lingaphansi kokulawula kwe-NSFAS. Izicelo zamarekhodi noma ulwazi okungenzeka kakhulu lugcinwe noma lube ngaphansi kokulawulwa omunye umgwamanda kufanele ziqondiswe kulowo mgwamanda. Izicelo eziya ku-NSFAS zamarekhodi okungenzeka adluliselwe kuwo noma agcinwe enye inhlango, zingase zibambezele impendulo esicelweni sakho. Ulwazi lungabuye lubukwe kuwebhusayithi ye-NSFAS ku-www.nsfas.org.za ukuqinisekisa ukuthi ulwazi oluceliwe alutholakali emphakathini.

10.2.2 Isicelo kufanele senziwe ngefomu elinqunyiwe (Ifomu 2 ngaphansi kwesiThasiselo B seziMiso, elijobelelwe kulo Mhlahlandlela njengesiThasiselo A) kuSikhulu Solwazi se-NSFAS ekhelini lendawo, inombolo yefeksi, noma ikheli le-imeyili elisohlwini Iwesigaba sesi-6 salo Mhlahlandlela.

10.2.3 Isicelo kufanele sifake ulwazi olulandelayo:

10.2.3.1. Imininingwane eyanele ukuze isikhulu se-NSFAS sikwazi ukuhlonza i(ama)rehodi aceliwe kanye nomfakisicelo, kuhlanganisa nekhophi eqinisekisiwe kamazisi woMfakisicelo.

10.2.3.2. Ifomu lesicelo sokuthola iRekhodi eliceliwe.

10.2.3.3. Ukuthi irekhodi lelo licelwa ngolimi oluthile yini.

10.2.3.4. Ikheli le-imeyili, ikheli leposi laseNingizimu Afrika noma inombolo yefeksi yoMfakisicelo.

10.2.3.5. Uma, ngaphezu kwempendulo ebhaliwe, uMfakisicelo efisa

ukwaziswa ngesinqumo sesicelo nganoma iyiphi enye indlela (isibonelo, ngocingo), ukusho leyo ndlela kanye neminingwane edingekayo ukuze aziswe kanjalo.

10.2.3.6. Uma isicelo senziwa egameni lomuntu, ukuhambisa ubufakazi besikhundla umfakisicelo enza ngaso isicelo, ngendlela egculisa Isikhulu Solwazi. Endabeni ye-NSFAS, amandla akhethekile ommeli kanye nekhophi eqinisekisiwe kamazisi yomuntu ofake isicelo enzela yena isicelo kuyodingeka.

10.2.4 Uma, ngenxa yokungakwazi ukufunda nokubhala noma ukukhubazeka, umfakisicelo engakwazi ukwenza isicelo sokuthola irekhodi lesigungu somphakathi ngokuhambisana nalokhu okungenhla, umfakisicelo angasenza leso sicelo ngomlomo. Isikhulu Solwazi se-NSFAS kufanele-ke sehlise leso sicelo ngomlomo ukuba sisibhale efomini elinqunyiwe bese sinikeza ikhophi yaso kuMfakisicelo.

10.2.5 Umfakisicelo kufanele akhokhe imali yesicelo, esohlwini IwesiThasiselo B seziMiso ze-PAIA, ngaphambi kokuthi isicelo sicutshungulwe.

11 IZIMALI EZIKHOKHWAYO

Kungase kudingeke ukuthi ukhokhe izimali zokufinyelela kumarekhodi ngokwe-PAIA. Lezi zimali ziukethwe kuSithasiselo B seziMiso ze-PAIA, esifikwe kulo Mhlahlandela njengeSithasiselo B.

Qaphela ukuthi kuzoba yisibopho soMfakisicelo ukuqinisekisa ukuthi ujwayelene nenguqulo yakamuva yezimali ezikhokhwa kulezi zimo futhi, uma umfakisicelo efuna ukucaciselwa ngalezo zimali, umfakisicelo angacela lokho kucaciselwa. Isikhulu Solwazi ngendlela ehlinzekwe kwenye indawo kulo Mhlahlandela.

12 UKUHLANGULWA EKUKHOKHENI IZIMALI ZOKUTHOLAIREKHODI

12.1 Laba bantu abalandelayo bakhululekile ekukhokheni imali yokuthola irekhodi ehlongozwe esigatshaneni 11:

12.1.1 Umuntu ongashadile umholo wakhe wonyaka, ngemva kokubanjwa kwemali okuvunyelwe, ongeqi ku-R14 712.00 ngonyaka..

12.1.2 Abantu abashadile noma umuntu kanye nomlingani wakhe wokuphila umholo wabo wonyaka, ngemva kokubanjwa kwemali okuvunyelwe, ungeqi ku-R27 192, 00 ngonyaka.

12.2 Imali yokuthola irekhodi ngeke isebenze:

12.2.1 Iapho izindleko zokuqoqa noma yiziphi izimali ezikhokhwayo ezihlongozwe kwisigatshana se-11 zidlula inani elikhokhisiwe;;

12.2.2 erekhodini loMfakisicelo; futhi

12.2.3 erekhodini elicelwe yisiphathimandla kwezesondlo noma umphenyi wezesondlo ngenhloso yophenyo lwasondlo noma uphenyo ngalo ngokwemibandela yoMthetho Wesondlo, 1998 (uMthetho No. 99 we-1998) noma izimiso ezenziwe ngaphansi kwesigaba sama-44 salowo Mthetho.

13 IZINQU莫 NGEZICELO NESAZIZO SAKHONA

13.1 Isikhulu Solwazi se-NSFAS kufanele, ngokushesha ngangokunokwenzeka, kodwa ezinsukwini ezingama-30 ngemva kokutholwa kwesicelo, sinqume ukuthi siyasivuma yini isicelo noma cha futhi sazise Umfakisicelo ngalesi sinqumo (“**Isaziso**”). Isikhathi sokubhekana nesicelo singanwetshwa ngokuhambisana nesigaba sama-26 se-PAIA. Kodwa-ke, uma Isikhulu Solwazi sehluleka ukunikeza isinqumo Sesicelo phakathi

nesikhathi esinqunyiwe (kuhlanganise nanoma yisiphi isikhathi eseluliwe), sizothathwa ngokuthi senqabile isicelo..

- 13.2 Lapho umfakisicelo efisa ukwaziswa ngesinqumo ngendlela ethile, umfakisicelo kufanele aziswe futhi Isaziso sihlinzekwe ngaleyo ndlela, uma kungenzeka ukwenza kanjalo.
- 13.3 Uma isicelo samukelwe, ofake isicelo kungase kudingkeke ukuthi akhokhe izimali ezithile kwa-NSFAS ngaphambi kokuthola irekhodi eliceliwe. Umfakisicelo uzokwaziswa ngalokhu yi-NSFAS, ezobe isikhokhisa lezo zimali njengoba zibekwe ngaphansi kwesigaba sama-22 se-PAIA kanye nesiThasiselo B seziMiso ze-PAIA. I- NSFAS ingase ibambe i(ama)rehodi aceliwe kuze kube yilesi sikhathi lapho izimali ezinqunyiwe sezikhokhiwe.
- 13.4 Umfakisicelo angafaka isikhalo sangaphakathi eKomidini Eliphethe leBhodi ye- NSFAS, ephikisana nemali yokuthola irekhodi okufanele ikhokhwe noma uhlobo lokufinyelela olunikeziwe.
- 13.5 Isicelo singanqatshwa uma kunezizathu zokwenqaba
 - 13.5.1 Izizathu zokwenqaba njengoba zivezwe eSahlukweni 4 se-PAIA, zifaka phakathi ukuvikelwa okuyimpoqo noma kokuzikhethela:
 - 13.5.1.1. ubumfihlo bomuntu wesithathu ongumuntu wemvelo;
 - 13.5.1.2. ulwazi lwezohwebo lomuntu wesithathu;
 - 13.5.1.3. ulwazi oluthile oluyimfihlo lomuntu wesithathu;
 - 13.5.1.4. ukuphepha kwabantu ngabanye, kanye nokuvikelwa kwempahla;
 - 13.5.1.5. amarekhodi anikezwe ilungelo lokukhiqizwa ezinkantolo;

13.5.1.6. izintshisekelo zezomnotho kanye nenhlalakahle yezezimali yeRiphabhulikhi kanye nemisebenzi yezohwebo yezinhlangano zomphakathi;

13.5.1.7. ulwazi lwezohwebo lwenhlangano yangasese eseceleni;

13.5.1.8. ulwazi locwaningo lomuntu oseceleni, kanye nokuvikelwa kolwazi locwaningo lwenhlangano elizimele; futhi

13.5.1.9. imisebenzi yezinhlangano zomphakathi;

13.5.2 Isicelo singanqatshwa futhi uma kuyisicelo esingaphusile noma esiphula amalungelo, noma ukuphambukiswa kwezinsiza ezinkulu futhi okungenangqondo, njengoba kuchazwe esigabeni sama-45 se-PAIA, noma uma ukwamukela isicelo kungqubuzana nanoma yimuphi omunye umthetho, kuhlanganisa i-POPIA.

13.6 Uma zonke izinyathelo ezifanele zithathiwe ukuze kutholakale irekhodi futhi kunesizathu sokukholelwa ukuthi irekhodi likwa-NSFAS kodwa alitholakali, noma alikho, khona-ke Isikhulu Solwazi kufanele sazise Umfakisicelo ngendlela ebekwe esigabeni 23 ye-PAIA.

13.7 Uma isicelo senqatshwa, iSaziso kufanele phakathi kokunye sisho izizathu ezanele zokwenqaba, kuhlanganise nemibandela ye-PAIA okuthenjelwe kuyo. Esimweni esinjalo, ofake isicelo angafaka isikhalo sangaphakathi eKomidini Eliphethe leBhodi ye-NSFAS..

14 ULWAZI LOMUNTU SIQU

14.1 Amaqoqo Ezihloko Zolwazi

Izinqubo ze-NSFAS (noma esezicutshungulwe esikhathini esidlule esizayo) Ulwazi Lomuntu mayelana nalezi zigaba ezilandelayo zabantu Ulwazi Olumayelana nabo:

14.1.1 Abafundi abafanelekayo

14.1.2 Abafake izicelo zokukuxhaswa ngezimali yi-NSFAS

14.1.3 Abaxhasi be-NSFAS

14.1.4 Abantu besithathu i-NSFAS esebeenzisana nabo njengosonkontileka abazimele

14.1.5 Abasebenzi be-NSFAS nabaqeqeshwayo

14.1.6 Abavakashele emagcekeni e-NSFAS

14.1.7 Noma yimaphi amaqembu asebenzisa i-NSFAS nganoma iyiphi indlela

14.2 Izinhlobo Zolwazi Oluqondene Nomuntu Oluqoqiwe

I-NSFAS Icubungula izinhlobo ezilandelayo zolwazi lomuntu siqu:

14.2.1 Imininingwane yokuhlonza: igama nenombolo yokubhalisa yanoma iyiphi inkampani noma ibhizinisi uma Umuntu Olumayelana naye ulwazi ungumuntu osemthethweni, igama nesibongo kanye nenombolo kamazisi uma Umuntu Olumayelana naye ulwazi ungumuntu wemvelo noma ummeleli womuntu wemvelo.

14.2.2 Imininingwane yokuxhumana: ikheli, ikheli le-imeyli, inombolo yokuxhumana

14.2.3 Imininingwane yezezimali: i-akhawunti yasebhange, ipprofayela yezokweleta, nomlando wokukweleta

14.2.4 Imininingwane yezokwelashwa neyebhayomethrikhi: umlando wokwelashwa,

imininingwane yebhayomethrikhi, nemininingwane ehlobene

- 14.2.5 Imininingwane yezemfundo neyasemsebenzini: ehlobene nemfundo nomlando wokuqashwa, kubandakanya imininingo yemiphumela yemfundo
- 14.2.6 Imininingwane yokuncanyelwayo: imibono yomuntu uqobo, imibono nokuncanyelwayo
- 14.2.7 Imininingwane yokwenziwe: imininingwane mayelana nokukhokha nokusaqhutshwa ne-NSFAS
- 14.2.8 Ulwazi olungumlando: ulwazi mayelana nezindawo zokuhlala zangaphambilini, umlando wokuqashwa, nolwazi oluhlobene
- 14.2.9 Imininingwane yezobuchwepheshe: ihlanganisa zonke izinhlobo zamakhukhi, ikheli le-IP, idatha yokungena, uhlobo lwestiphequluli nenguqulo, ukulungiselelwa kwendawo yesikhathi nendawo, izinhlobo nezinguqulo zesiphequluli, uhlelo lokusebenza nenkundla nobunye ubuchwepheshe kumadivayisi assetshenziswa ukungena kule Webhusayithi, kanye nolwazi mayelana nokuvakasha kwabasebenzisi, okuhlanganisa ama-URL agcwele, chofoza ukusakaza ngokusebenzisa nokusuka kuwebhusayithi ye-NSFAS (kuhlanganise nosuku nesikhathi), imikhiqizo ebukiwe noma ecingiwe, izikhathi zokuphendulwa kwekhasi, amaphutha, ubude bokuvakashela amakhasi athile, ulwazi lokusebenzisana kwamakhasi (njengokuskrola, ukuchofiza, nokudlulisa kwe-mouse) nezindlela ezisetshenzisiwe ukusuka ekhasini
- 14.2.10 Idatha yephrofayela: igama lomsebenzisi nephasiwedi, izinhlelo zokusebenza ezenziwe, izintshisekelo Zomuntu olumayelana naye ulwazi, okuncanyelwayo, impendulo kanye nezimpendulo zenhololovo

14.2.11 Ukusetshenziswa kolwazi: Imininingwane mayelana nokuthi Umuntu Olumayelana naye ulwazi uyisebenzisa kanjani iwebhusayithi yakwa-NSFAS

14.2.12 Imininingwane yezokukhangisa nokuxhumana: okuncamelayo malungana nokukhangisa okuvela kwa-NSFAS nokukhethayo mayelana nokuxhumana

14.2.13 Ukubhalelana: konke ukubhalelana lapho kuxhunyanwa ne-NSFAS

14.2.14 Ulwazi Olukhethekile Lomuntu: oluhlobene nobuhlanga, ubulili, ucansi, ukukhulelwa, isimo somshado, ubuzwe, ubuzwe noma imvelaphi yomphakathi, ibala, ukukhetha ubulili, ubudala, impilo yomzimba noma yengqondo, ukuphila kahle, ukukhubazeka, inkolo, unembeza, inkolelo, isiko, ulimi kanye ukuzalwa..

14.2.15 Umlando wobugebengu

14.3 Indlela Yokuqoqwa Kolwazi Oluqondene Nomuntu

I-NSFAS iqoqa Ulwazi Lomuntu ngokuqondile ngokulubuza kuyena noma ngokungaqondile lapho kudingeka khona ukwenza kanjalo ukuze yenze imisebenzi yayo yomphakathi noma igunyazwe ukwenza kanjalo ngokwe-POPIA nanoma yimiphi Imithetho Esebenzayo.

14.4 Inhloso Yokusetshenziswa Kolwazi Oluqondene Nomuntu

Lonke Ulwazi Lomuntu Olucutshungulwe yi-NSFAS izolucubulungela injongo yokwenza imisebenzi yayo, njengoba kubhalwe kuNqubomgomu Yobumfihlo ye-NSFAS futhi njengoba kugunyazwe ngaphansi koMthetho we-NSFAS nanganoma yimiphi Imithetho Esebenzayo. Ukuze kugwenywe noma yikuphi ukungabaza, lokhu kuhlanganisa Ukucubungula ngazo zonke izindlela ezhlongozwe ngaphansi kwe-POPIA, okuhlanganisa ukuqoqwa, ukusetshenziswa, ukugcinwa, nokudalulwa

kwezinkampani zangaphandle Zolwazi Lomuntu.

14.5 Izicelo Zolwazi Oluqondene Nomuntu

A Umuntu unelungelo lokwazi ukuthi ngabe i-NSFAS Iyalucubungula Ulwazi Lwakhe noma Ulwazi Lomuntu abagunyazwe ngokufanelekile ukummela futhi, uma kunjalo, izinga lalokho kucutshungulwa okuvunyelwe. Isicelo salolu lwazi kufanele sithunyelwe ngokuhambisana nalo Mhlahlandlela.

14.6 Ukunqatshwa Kokusetshenziswa Kolwazi Oluqondene Nomuntu

Umuntu olumayena naye ulwazi unelungelo lokuphikisa indlela i-NSFAS Ecubungula ngayo Ulwazi Lwabo ngaye. Lokho kuphikisa kufanele kuqondiswe kuSekela-Sikhulu Solwazi ekhelini elishiwo kusigatshana sesi-6.

15 UKUHLELWA KOKUZIBANDAKANYA KOMPHAKATHI NGOKUSUNGULWA KWEZINQUBOMGOMO

15.1 Abafundi nabasebenzi bangabamba iqhaza ezinhlelweni zenqubomgomo kanye nokuthathwa kwezinqumo ze-NSFAS ngokuhambisana nemibandela yoMthetho we-NSFAS, kanye nangokwe-PAIA kanye nalezo zinqubo zangaphakathi njengoba kuvunyelwene nezigungu ezimele abafundi nabasebenzi ngezikathathi ezithile.

15.2 Abanye abantu abanentshisekelo bangathumela imibono noma iziphakamiso zabo ngokubhalela iPhini Lesikhulu Solwazi ekhelini elishiwo esigabeni sesi-6.

16 IZISOMBULULO NOKUKHALAZA MALUNGANA NEZINQUBO EZITHATHIWE

16.1 Umfakisicelo onesikhalo ngesinqumo seSikhulu soLwazi angafaka isikhalo sangaphakathi eKomidini Eliphethe lebhodi ye-NSFAS.

16.2 Inqubo yokudlulisa icala yangaphakathi ye-NSFAS yaziswa yiNgxenye yesi-4 ye-PAIA.

- 16.2.1 iKomidi Eliphethe lebhodi ye-NSFAS, elisungulwe ngokwesigaba 10 somthetho we-NSFAS “liyisiphathimandla esifanele” okumele kuhanjiswe kuso izikhalo zangaphakathi ukuze zibuyekezwe..
- 16.2.2 Lezo zikhala zo ezinjalo kufanele zibhekiswe Esikhulwini Solwazi, ekhelini lendawo, inombolo yefeksi, noma ikheli le-imeyili elisohlwini Iwesigatshana sesi-6 salo Mhlahlandlela.
- 16.2.3 Isikhala zo kumele sifakwe zingakapheli izinsuku ezingama-30 kusukela osukwini uMfakisicelo aziswe ngalo ngomphumela wesinqumo, noma zingakapheli izinsuku ezingama-30 kusukela osukwini okucatshangwa ngalo ukuthi isicelo sinqatshiwe. Uma isikhala sangaphakathi sifakwe ngemuva kokuphela kwalesi sikhathi, iKomidi Eliphethe, lapho kunesizathu esihle esibonisiwe, lingavumela ukufakwa kwesikhala zo sangaphakathi sekudlule isikhathi. Uma iKomidi eliPhezulu lingakuvumeli ukufakwa kwesikhala sangaphakathi sekudlule isikhathi, liyonikeza isaziso saleso sinqumo kumfakisikhala zo.
- 16.2.4 Isikhala zo kufanele sifakwe ngefomu elinqunyiwe (Ifomu 4 ngaphansi kwesiThasiselo B seziMiso ze-PAIA, elinanyathielwe njengeSithasiselo C salo Mhlahlandlela). Isikhala zo kufanele siveze isihloko sesikhala zo sangaphakathi futhi sibeke izizathu zesikhala zo sangaphakathi, futhi singafaka nanoma yiluphi olunye ulwazi olufanele. Ummangali kufanele futhi acacise ikheli le-imeyili, ikheli leposi noma inombolo yefeksi. Uma, ngaphezu kwempendulo ebhaliwe, ofake isikhala zo efisa ukwaziswa ngesinqumo sesikhala zo sangaphakathi nganoma iyiphi enye indlela, kufanele asho indlela afisa ukwaziswa ngayo futhi anikeze neminingwane edingekayo ukuze aziswe kanjalo.

- 16.2.5 Ummangali kufanele futhi akhokhe imali enquuniwe. IKomidi Eliphethe lingahlehlisa isinqumo salo ngesikhala zo sangaphakathi kuze kube yileso sikhathi lapho kukhokhwa khona imali enquuniwe. Izimali ezinqunyiwe maqondana nezinhlangano zikahulumeni zibalwe ngaphansi kweSithasiselo B seMithetho ye-PAIA.
- 16.3 Uma umfakisicelo ephatheke kabi ngesinqumo seKomidi eliPhezulu ngomphumela wesikhala zo sangaphakathi, umfakisicelo angafaka isicelo eNkantolo ukuze athole usizo olufanele noma afake isikhala zo kuMlawuli woLwazi.
- 16.4 Umfakisicelo angafaka isicelo eNkantolo noma afake isikhalo kuMlawuli Wolwazi kuphela ngemva kokuhambisana nenqubo yokudlulisa icala yangaphakathi ehlinzekwe kulo Mlahlandlela.
- 16.5 Isikhala zo esiya kuMlawuli woLwazi kufanele sifakwe ngefomu elinqunyiwe (iFomu 5 ngaphansi kwesiThasiselo B seziMiso ze-PAIA) ngokugcwalisa ifomu lesikhala zo ngeinthanethi elitholakala ku-<https://www.justice.gov.za/inforeg/> noma ngokuthumela i-imeyili kuMlawuli Wolwazi ku-PAIAComplaints@inforegulator.org.za.
- 16.6 Esimeni lapho kufakwa isikhalo sangaphakathi, isikhala zo esiya kuMlawuli Wezolwazi, noma isicelo enkantolo, noma ngabe yikuphi okwenzekayo, sifakwa ngokumelene nokuvunywa kwesicelo sokuthola irekhodi, ukufinyelela kulelo rekhodi kuyovunyelwa kuphela uma isinqumo sokwamukelwa kwesicelo ekugcineni kuqinisekiswa ngokuvumelana nesikhala zo sangaphakathi, isikhalo soMlawuli Wolwazi, noma isicelo senkantolo.